# IBhayibheli LaBantwana
## Likulethela



# Indoda Eyimfivilithi Iba Isisebenzi

Ibhalwe ngu: Edward Hughes
Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala
Kwabonakala ngu: Byron Unger; Lazarus
Ifanekiswe ngu: M. Kerr; Sarah S.

Indaba 7 kwezingu 60

**www.M1914.org**

***Bible for Children,*** *PO Box 3, Winnipeg, MB R3C 2G1 Canada*
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

isiZulu
Zulu

U-Isaka wayejabule kakhulu. Indodana yakhe uJakobe wayesebuyele ekhaya. Ngisho no iSawu wamamukele umfowabo lo ayethembise ukumbulalala. Kodwa amadodana kaJakobe ayengejabule neze ngoba uJosefa, umfowabo omncane, wayemukhonzile kakhulu ubabawabo.







Obafo baJosefa bathukuthela kakhulu kunakuqala ngenkathi ebatshela ngephupho lakhe. "Isithungu sami sima phezulu futhi izithungu zenu zikhothamela isithungu sami." Leliphupho lalichaza ukuthi uJosefa wayezobaluleka okwedlula abafowakhe.




Ephusheni likaJosefa lesibili, Ilanga, nenyanga kanye nezinkanyezi zakhothama kuyena. Ngisho nobaba kaJosefa wathukuthelela ngokuzibeka ngaphezulu kwabazali bakhe nabafowakhe.
3
Ngelinye ilanga uJakobe wathuma uJosefa ezinsimini lapho abafowakhe babe lusa khona. Abafowakhe bamubona eza. "Asiyibulale lenyanga yamaphupho," besho behleba. UJosefa wayengayazi ingozi eyayizomehlela.
4
URubeni, omfowabo omdala waphikisa. "Ningachithi gazi," esho ebayala. "bukani, nanku umgodi. Muphoseni efele khona!" URubeni wayehlose ukumsiza uJosefa ngokuhlwa.
5
Wathi efika uJosefa, abafowakhe bamubamba, bamukhumula ingubo yakhe enemikhono emide le ayeyithungelwe uJakobe eyenzela indodana yakhe ayikhonze kakhulu. Bamuphonsa emgodini omubi kakhulu.
6
Ngenkathi uRubeni engekho, kwaqhamuka ihele lamakameli liya eGibhitha. "Asithengiseni ngoJosefa," kumemeza uJuda oyedwa wabafowabo.
Bathengisa ngoJosepha ngezinhlamvu ezingamashumi amabili.
7
Egcwele izinyembezi kanye nokwesaba, uJosefa wabuka engenakwenza lutho ngenkathi inqola yekameli imihudula imususa kubo kanye nase mndenini wakhe.
8


"Ngabe ingubo yaJosefa lena yini na? Igcwele igazi. Siyithole lena ebhuqwini." Obhuti laba abanenhliziyo embi benza uJokobe akholwe ekuthi indodana yakhe ayikhonze kunazo zonke idliwe isilwane sasendle. Ujakobe wadabula izingubo zakhe bese wakhala okokulila. Akekho owayengamududuza.
9
EGibithe, UJosefa wayesaba futhi enesizungu. Mhlampe wayelangazelele ikubo. Kodwa wayengenakuphunyuka. Waye isisebenzi endlini kaPatifari, umGibithe obalulekile. UPatifari wayebona ukutho uJosefa wayesebenza kanzima futhi wayethembekile.
10
"Konke okwenzayo kuyaphumelela," uPatifari etshela uJosefa ngolunye usuku. "UNkulunkulu unawe. Ngifuna wena ube induna yezisebenzi, uphathe wonke amabhizinisi ube umphathi wazozonke lezi ezinye izisebenzi."
11
Unkulunkulu wabusisa uPatifari imvuno enhle kanye nemnotho emininingi ngenxa yaJosefa. UJosefa eseyindoda ebalulekile, wayehlezi ethemba futhi enza intando yaNkulunkulu ngokwethembeka. Kodwa izinkinga zamulandela uJosefa.
12
UmkaPatifari waye umuntu ongalungile. Wathi kuJosefa makathathe indawo yendoda yakhe. Wala uJosefa. Wayengeke azifake esonweni ngaphambi kwaNkulunkulu ngokwenza okungalungile kuPatifari.
13
Kwathi noma inkosikazi izama ukumphoqa, wabaleka. Kodwa yamubamba, kwasala ingubo.
14







Indoda Eyimfivilithi Iba Isisebenzi

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Genesise 37-39

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

**UNkulunkulu uyazi** ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa.

**uNkulunkulu walithanda izwe** kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. **UJesu wase evuka ekufeni** wanyukela ezulwini. Manje uNkulunkulu engasithethelele izono zethi.

**Uma ufuna ukuphenduka esonweni sakho**, ithi kuNkulunkulu: Nkukulunkulu, ngiyakholwa ukuthi wangifela esiphambanweni, manje uyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami futhi ungithethelele izono zami, ukuze ngizoba nempilo entsha, khona ngizoba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni Johane 3:16.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke!